



NguMongameli uThomas S. Monson

Cabangisisa Indlela yeziNyawo Zakho

Njengoba sibuka kuJesu njengeSibonelo kithi futhi njengoba silandela ezinyathelweni Zakhe, singabuyela ngokukhuselekile kuBaba wethu waseZulwini.

Bafowethu kanye nodade bami abathandekayo, Namhlanje ekuseni ngime phambi kwenu ngokuzithoba. Ngicela ukhohlo kanye nemikhuleko yenu njengoba ngabelana kanye nani lomayelezo.

Sonke siqala uhambo oluhle futhi olubalulekile ngenkathi sishiya izwe langokomoya futhi singena kulesikhathi esinzima esibizwa ngokuthiwa impilo yangokwenyama. Isizathu sokuqala sokuphila kwethu lapha kulomhlaba ukuba sithole umzimba wangenyama kanye namathambo, ukuze sithole isifundo leso esizoza kuphela ngokuhlukaniswa nabazali bethu basezulwini, nokuthi sibone ukuba singakwazi ukugcina imiyalelo. E Ncwadini ka Abrahamu isahluko 3 sifunda: “Sizakubona nangempela lana, ukuba bazakwazi ukwenza izinto zonke lezo iNkosi uNkulunkulu wabo ozokuba yala ngazo.”¹

Ngenkathi sifika lapha emhlabeni, seza nesipho esikhulu kakhulu esanikezwa ngaso nguNkulunkulu—kanye nelungelo lethu lokukhetha.

Ngezindlela eziningi sinelungelo lokuba sizikhethela ngokwethu. Lapha sifunda ngesifundo sethu esinzima. Siwela phakathi kobuhle kanye nobubi. Siyahlukanisa phakathi kobumuncu kanye nobumnandi. Siyafunda ukuthi izinqumo zisitshela ngalokho okuzokwenzeka esikhathini esizayo.

Ngqiqinisekile ukuthi sishiye uBaba ngenkanuko enkulu yokubuyela Kuyena, ukuthi sithole nokwenyukela phezulu leyo Yena ayilungiselelelwa thina futhi esiyifunayo kakhulu. Noma-ke siyashiwa ukuba sithole futhi silandele leyo ndlela ezakusiholela emuva kuBaba wethu waseZulwini, akasithumelanga lapha ngaphandle kokusikhombisa indlela kanye nokuholwa. Kepha, Usinikeze amathulusi esiwadingayo, futhi uzakusisiza uma sifuna usizo Lwakhe futhi sizame ukwenza gamandla ethu wonke ukubekezela kuze kubesekugcineni futhi sithole impilo engunaphakade.

Ukuze sisizakale ekuholweni kwethu sinamazwi ka Nkulunkulu

kanye neNdodana Yakhe atholakala emibhalweni yethu eNgcwele. Sine-miyalo kanye nezimfundiso zabaprofethi bakaNkulunkulu. Okubalulekile kakhulu, sinikezwe isibonelo esiphelele ekumele sisilandele—ngisho nesibonelo seNkosi Kanye noMsindisi wethu, uJesu Kristu—futhi siyaliwe ukuba silandele lesosibonelo. Washo uMsindisi Yena ngokwakhe: “Woza, ungilandele.”² “Umsebenzi ongibone ngiwenza nawe kumele uwenze.”³ Wabuza umbuzo, “Kumele nibe ngamadoda anesimilo esinjani?” Wase ephendula, “Ngokuqiniseka ngithi kini, nibe njeNgami.”⁴ “Wakhombisa indlela futhi wayihamba phambili.”⁵

Njengoba sibuka kuJesu njengeSibonelo kithi futhi silandela ezinyathelweni Zakhe, sizakubuyela ngokukhuselekile ukuyo hlala kanye noBaba wethu waseZulwini ingunaphakade. Wakhuluma umprofethi uNifayi, “Ngaphandle kokuthi umuntu abekezele kuze kube sekugcineni, ekulandeleni isibonelo seNdodana ephilayo kaNkulunkulu, akasoze asindiswe.”⁶

Omunye owesifazane, ngasosonke isikhathi wakhuluma ngezifundo azithola ngenkathi evakashele Izwe eliNgcwele, wayememezela, “Ngahamba lapho uJesu wahamba khona!”

Wayelapho uJesu wayephila futhi efundisa khona. Mhlawumbe wema phezu kwetshe lelo ema kulona noma wabuka intaba lapho Yena waye bheke kuyona. Izifundo, phakathi Kanye nakuzo, zazi jabulisa kakhulu kuyena; kepha ukuhamba ngezinyawo *lapho* uJesu ehamba khona akubalulekile ukwedlula ukuhamba *njengoba* Yena ehamba

khona. Ukwenza izenzo Yena azenza futhi nokulandela isibonelo Sakhe kubaluleke kakhulu ukwedlula ukuzama ukuhamba lapho Yena ahamba khona ngezinyawo esaphila ngempilo yangenyama.

Ngenkathi uJesu ethumela isimemo kwindoda enye eyayisigwili, “Woza, ungilandele,”⁷ Akazange abhekise ekutheni lendoda eyayisigwili imlandele phezulu naphansi ezintabeni zezwe.

Akudingekile ukuba sihambe emaceleni waseGalilee noma phakathi kwezintaba zaseJudean ukuze sihambe lapho uJesu ehamba khona. Sonke singahamba indlela leyo Ayihamba ngenkathi, amazwi Akhe siwezwa ezindlebeni zethu, uMoya Wakhe ongcwele ugcwala ezinhlizweni zethu, futhi izifundiso zakhe zihola izimpilo zethu, sikhetha ukulandela Yena njengoba siphila kwimpilo yangokwenyama. Isibonelo Sakhe sikhanyisa indlela. Wakhuluma Yena, “Ngiyindlela, iqiniso, futhi nempilo.”⁸

Njengoba sibhekisisa indlela uJesu ayihamba, sizakubona ukuthi Naye wahlangabezana nezinkinga eziningi ezifana kanye nezethu esizawuhlangabezana nazo kulempilo.

Isibonelo, uJesu wahamba ibanga elidumazayo. Noma-ke wahlangabezana nokudumala okuningi, enye yezinto ezazibuhlungu zakhonjiswa ekuzileni Kwakhe eJerusalem njengoba kwaphela ukushumayela Kwakhe emphakathini. Abantwana bakalrayeli banqaba ukuvikeleka kwephiko ayebanikeze lona. Njengoba wayebuka idolobha elalizobhidliza maduzane, wayegcwele usizi kanye nobuhlungu obukhulu. Ezwa ubuhlungu wakhala ememeza, “O Jerusalem, Jerusalem, leyo ebulele abaprofethi, futhi labo abathunyelwa base bajikijelwa ngamatshe; kumele ngibhlanganise kangakanani abantwana benu, lowo obeka umuntu ngaphansi kwephiko lwakhe, futhi yena angafuni!”⁹

uJesu wathola isifundo sokulingeka. uLusifa, isikhohlakali leso,

ehlanganisa amandla akhe amakhulu, amanga akhe ahehayo, walinga Yena owazila ukudla izinsuku ezingu 40 kanye nobusuku obungu 40. uJesu akazange avumele lokho, kepha, Wanqaba zonke izilingo. Amagama agcina ukuwashi: “Hlukana nami, Sathane.”¹⁰

uJesu wathola isifundo sobuhlungu. Cabanga ngeGethsemane, lapho Yena “ezwa ubuhlungu . . . futhi igazi lakhe laligobhozela phansi njengomjuluko wakhe.”¹¹ Akekho ongakhohlwa ukuhluphela Kwakhe esiphambanweni leso esibi.

Omunye nomunye wethu uzakuthola isifundo sokudumala, mhlawumbe ngethuba elilahlekile, amandla asetshenziswe budedengu, ukuthatha isinqumo kulaba esibathandayo, noma isinqumo esithathwe yihi. Isifundo sokulingeka naso kuzoba isifundo sethu sonke. Sifunda kwi Sifundo Kanye neZivumelwano isahluko 29: “Futhi uma usathane akazange alinge umuntu, umuntu ubengeke wazimela yena ngokwakhe.”¹²

Kanjalo-nje sizothola isifundo sobuhlungu. Thina, njengabasebenzi, singalindela hhayi okudlula lokho iNkosi, owadlula empilweni yangenyama emva kokuzwa ubuhlungu kanye nokuhlupheka okukhulu.

Njengoba sizothola isifundo sethu sobuhlungu, futhi singathola injabulo enkulu kakhulu.

Thina, kanye noJesu, singathola isifundo sokulalela. Akusoze kwabalula njalo, kepha asivumele isisho sethu sibe imvelaphi esanikezwa nguSamuweli: “Mamela, ukulalela kwedlula ukunikela¹³ Make sikhumbule ukuthi umphumela wokungalaleli ukuboshwa kanye nokufa, kepha inzuzo yokulalela kuba yinkululeko kanye nempilo engunaphakade.

Thina, njengoJesu, singathola isifundo sokusebenza. Njengokukhanya okumanyazelayo kwethoshi lokulunga yempilo kaJesu njengoba efundisa ngaphakathi kwabantu. Wanikeza amandla kulabo ababengenawo imilenze, wenza izimpumpu-zikwazi ukubona, abangezwa

ezindlebeni bakwazi ukuzwa.

uJesu wathola isifundo ngomkhuleko. Wasifundisa ukuthandaza ngokusinikeza umthandazo omuhle lowo esiwazi ngokuthiwa uMthandazo weNkosi. Futhi ubani ongakhohlwa umthandazo Wakhe eGethsemane, “Akuyona intando yami, kepha intando yakho, mayenziwe?”¹⁴

Eminye imiyalo esinikezwe yona nguMsindisi zizezandleni zethu, zitholakala ezincwadini ezingcwele. Kumthandazo Wakhe waseNtabeni, Usitshela ukuthi kumele sibenzwelo, sizithobe, sibe ngabalungilelyo, sibengabahlanzekileyo ezinhlizweni, sibinoxolo. Usiyala ukuba siqine ngokholo lwethu, noma sihlekwa futhi sijeziwa. Usicela ukuba senze ukukhanya kwethu kucwebezele ukuze abanye babone futhi bafise ukudumisa uBaba waseZulwini. Usifundisa ukuba sibengabahlanzekileyo ngezimilo ngemicabango yethu kanye nezenzo zethu. Usitshela ukuthi kubaluleke kakhulu ukwakha amagugu ezulwini ukwedlula emhlabeni.¹⁵

Izinganekwane zakhe zifundisa ngamandla kanye nemvumo. Ngokuvela kumSamariya olungilelyo, Usifundisa ukuba sithande futhi sisebenze ngokusiza abomakhelwane bethu.¹⁶ Kwizinganekwane zakhe zethalente, Usifundisa ukuba sizithuthukise futhi sizame ukuba ngabalungile ngokuphelele.¹⁷ Mayelana nemvu yolahleko, Usiyala ukuba sihambe siyosindisa labo abashiye indlela futhi abaphambukileyo endleleni yabo.¹⁸

Njengoba sizama ukubeka uKristu phakathi kwezimpilo zethu ngokufunda ngezwi Lakhe, ngokulandela izimfundiso zakhe, futhi ngokuhamba endleleni Yakhe, Usithembise ukuthi uzabelana nathi impilo yangunaphakade leyo Yena ayifela ukuze azuze. Akukho ukuphakama okweqile okudlula lokhu, ukuthi kumele sivumele umthetho Wakhe futhi sibe izinceku zakhe futhi senze umsebenzi Wakhe impilo yethu yonke. Akukho okunye, akukho ukhetho olunye esizolenza, olungenza thina lokho Yena angakwenza.

Njengoba ngicabanga ngalabo abazame ukulandela isibonelo sikaMsindisi futhi abahambe indlela Yakhe, kufika kalula engqondweni yami amagama kaGustav kanye no Margarete Wacker—ababili abano-buKristu obukhulu engike ngabazi. Babengabantu abazalelwa eJalimani abahamba bayohlala empumalanga yaseKhanada, futhi ngahlangu nabo ngenkathi ngisebenza njengomongameli wemishini khona lapho. Umfo uWacker wayesebenza njengomphothuli. Noma-ke babenganalutho olungangako, babelana ngakho konke ababenakho. Babenganazo izingane, kepha babekwazi ukwamukela bonke abantu ababengena ekhaya labo. Abesilisa kanye nabesimame ababefundile futhi bahlakini niphile babefuna ukuba nalezincuku ezazizithobile, zingafundile zikaNkulunkulu futhi bazibala njengabantu ababenenhlanhla uma nje bayebachitha ihora elilodwa benabo.

Babebukeka nje bengabantu abajwayelekile, isiNgisi sabo

singezwakali nakahle futhi sinzima nokusiqonda, ikhaya labo lalizothile. Babenganayo ngisho nenqola noma umabonakude, futhi bengenandaba nezinto ezijwayelwe ukunakwa umhlaba. Kepha ababenokholo bahamba ibanga elide beya ekhaya labo ukuze bathole umoya ongcwele owawuzungeze lapho. Ikhaya labo laliyizulu emhlabeni, futhi umoya ebakade benawo wawunokuthula okungcwele kanye nokulunga.

Sonke futhi singaba nalomoya futhi sabelana ngawo kumhlaba wonke njengoba sithola isifundo sikaMsindisi wethu futhi silandela isibonelo sakhe esiphelele.

Sifunda ngesixhwayiso kwiZaga, “Cabangisisa Indlela yeziNyawo Zakh.”¹⁹ Njengoba senza njalo, sizoba nokholo, ngisho nesifiso, sithole isifundo sikaJesu asithola. Angeke sibenokungabaza ukuthi asikho endleleni leyo uBaba wethu afuna ukuba siyilandele. Isibonelo sikaMsindisi sinekeza isakhiwo sayonke into esiyenzayo, futhi amazwi Akhe

aletha isiluleko esingeke sahluleka. Indlela yakhe izasithwala ngokukhuseleka ekhaya. Lesi makube isibusiso, Ngithandaza ngegama likaJesu Kristu, Loyo engimthandayo, Loyo engimsebenzelayo, futhi Loyo engibeka ubufakazi Ngaye, amen.

AMANOTH

1. uAbrahamu 3:25
2. uLuka 18:22
3. 3 Nifayi 27:21
4. 3 Nifayi 27:21
5. uEliza R. Snow, “How Great the Wisdom and the Love,” *Hymns*, no. 195
6. 2 Nifayi 31:20
7. uLuka 18:22
8. uJohane 14:6
9. uLuka 23:34
10. uMatewu 4:19
11. uLuka 22:42
12. Imfundiso kanye Nezivumelwano 59:2
13. 1 uSamuweli 15:22
14. uLuka 22:42
15. Bona uMatewu 6:33
16. Bona uLuka 10:30–37
17. Bona uMatewu 25:14–30
18. Bona uLuka 15:4–7
19. Izaga 4:26

Ukufundisa kweSikhathi Sethu

Kusukela ngoOkthoba 2014 kuya ku-Ephreli 2014, izimfundiso zobuPristi bukaMelkisedeki neNhlangu Yabesimame Yenkululeko zangeSonto lesine kumele zilungiselelwe kwinkulamo eyodwa noma eziningi eziphuma kwinkomfa kawonke-wonke ka-Ephreli 2014. KuEphreli 2015, izinkulamo zingakhethwa kunoma kwinkomfa kawonkewonke kaOkthoba noma kaEphreli. Omongameli bezikhonkwane nezifunda kumele bekhetho ukuthi yiziphi izinkulamo ezizosetshenziswa ezindaweni zabo, noma benganikeza ukuba leso sinqumo sithathwe obhishobhu noma omongameli bamagatsha.

Leziinkulamo zitholakala ngezilimi ezihlukahlukene ku conference.lds.org.



NguMongameli Dieter F. Uchtdorf

Ikhansela Lesibili KubuMongameli Bokuqala

Ukuthola Ubufakazi bokuKhanya kanye nobeQiniso

Ubufakazi bakho bokukhanya kanye nobeqiniso akusoze kwakubusisa kuphela kanye nabazukulwane bakho lapha kwimpilo yangenyama, kepha buzakuba nawe njalo kwimpilo yonke yangunaphakade.

Njengomshayeli wamabhanoyi, ngandiza amahora ambalwa kwikhontinente kanye naphezu kolwandle phakathi kobumnyama basebusuku. Ngibuka ubusuku bezulu ngefasitela phakathi kwebhanoyi, ikakhulukazi iZinkanyezi—lokho umbhalo ongcwele okuchaza ngokuthi “umhlaba ngaphandle kwezinombolo.”¹

Kungaphansi kweminyaka engamakhulu ayishumi eyadlula ukuthi izazi ngezinkanyezi zacabanga ukuthi Umthamo weZinkanyezi kwakuwona kuphela umthala kumhlaba wonke.² Babecabanga ukuthi konke okwaku-semuva komthala kwakungenalutho, ibanga elingapheli—elingenalutho, elibandayo futhi nezinkanyezi ezingenalutho, ukukhanya, Kanye nempilo.

Njengoba isibonakude siba yinkimbinkimbi —Kanye nezibonakude

ezingabekwa phezulu komhlaba— izazi ngezinkanyezi zaqala ukuthola iqiniso elimangazayo, cishe elingazwisiseki: umhlaba mukhulu ukwedlula lokho umuntu abekholelwa kuko, futhi amazulu agcwele umthala ongabalaki, kude kakhulu ngendlela emangazayo, eyodwa iqukethe izinkanyezi eziyisigidi sezigidi.³

Esikhathini esifishane, ukuzwisisa kwethu ngomhlaba kwashintsha ingunaphakade.

Namuhla singabona ezinye zalemithala ekude.⁴

Siyazi ukuthi akhona.

Anesikhathi eside akhona lapho.

Kepha phambi kokuba umuntu waba namathulusi anamandla anele ukuba ahlanganise ukukhanya kwa-sezulwini okuletha lemithala ikwazi ukubonakala, asizange sakholelwa ukuthi into enjena ingenzeka.

Ubukhulu bomhlaba abuzange bushintshe masishane, kepha ikhono lethu lokubona futhi nokuzwisisa leqiniso lwaguquka ngokushesha. Futhi ngalobobukhanya obukhulu, umuntu watshengiswa ubukhulu bendawo angazange ayibona ngaphambili.

Kunzima Kithina ukuKholwa Lokho Esingakuboni

Cabanga uma bekwenzeka ukuthi uhambe ubuyele emva kwesikhathi esadlula futhi ukhulumisane kanye nabantu abaphila iminyaka engamashumi noma amakhulu adlulayo. Cabanga ngokuzama ukubachazela ngobuchwepheshe besimanje lobo mina nawe esibujwayele namuhla. Isibonelo, labantu bangacabanga ukuthini ngathi uma sibatshele lezindaba zamabhanoyi, ama microwave ovens, umshini ophathwa ngezandla oqhukethe umtapo wolwazi, kanye namavidiyo wezizukulwane zethu lawo esabelana ngawo kwizigidi zabantu kumhlaba wonke jikelele.

Abanye bangahle basikholwe. Abanye banganqaba, baphikise, mhlawumbe noma bafune ukusivala imilomo noma basilimaze. Abanye bangazama ukusebenzisa imicabango yabo, bacabange, bathole amaqiniso abawaziyo ukubonisa ukuthi silahlekile, siyiziwula, noma sinobungozi. Bangasijezisela ukuzama ukulahlekisa abanye.

Kepha kunjalo, labantu bazobe benze iphutha elikhulu. Bangaba nokuziphatha okuhle futhi bazimisele. Bangazizwa beqinisekile kakhulu ngemicabango yabo. Kepha angeke bakwazi ukubona kalula ngoba abazange bathole ukukhanya kwangeqiniso okuphelele.

Ukukhanya Okuthenjisiwe

Kubukeka sengathi indlela yabantu ukucabanga ukuthi silungile noma singalunganga. Uma kunjalo, ithe- mba liphi lapho kithi sonke? Senze- lwe ukuba siphambuke ngaphandle kwenhloso olwandle lolwazi oluphi- kisayo, sidengwane kwisihlengwa samapulangwe lesa isihlephu esihla- nganiswe kabi ngokuthanda kwethu.

Kungenzeka ukuba sithole iqiniso?

Injongo yokubeka imibono yami ukuba ngihambise umlayezo kaNku- lunkulu Yena—oyiNkosi yamaKhosi owazi wonke amaqiniso—unikize abantwana Bakhe isithembiso sokuthi balazi iqiniso ngokwabo.

Ngcela nicabangisise lobukhulu balesithembiso:

uNkulunkulu Omkhulu futhi Owa- phakade, uMdalli walomhlaba om- khulu, uzakuhluma kanye nalabo abeza Kuye ngenhliziyo eqotho futhi nenhloso yangempela.

Uzakuhluma nabo emaphuphweni, kwimibono, imicabango, kanye nemizwa.

Uzakuhluma ngendlela enga- phazami futhi ephakamisa isifundo somuntu. Uzakubanikeza indlela engcwele ekhombayo kanye nezi- mpendulo zempilo yabo.

Nangempela, kuzakubakhona labo abakhuluma kabi futhi basho ukuthi angeke kwenzeke, ukuthi uma kwakukhona uNkulunkulu, Waye- zaba nezinto ezingcono angazenza kunokuthi alalele futhi aphen- dule umthandazo womuntu oyedwa.

Kepha nginitshela lokhu: uNkulu- nkulu uyanithanda. Uzakulalela, futhi Yena uzakuphendula imibuzo yenu. Izimpendulo zemithandazo yenu izakavela ngendlela Yakhe futhi nge- sikhathi Sakhe, ngakho-ke, kumele ufunde ukulalela izwi Lakhe. uNkulu- nkulu ufuna ukuba uthole indlela ya- kho yokubuyela Kuye, futhi uMsindisi uyiyona ndlela.⁵ uNkulunkulu ufuna ukuthi wazi ngeNdodana yakhe, uJesu Kristu, futhi uthole isifundo esikhulu soxolo kanye nenjabulo leyo eza uma silandela indlela engcwele yobunceku.

Bangane bami abathandekayo, nasi isivivinyo esisobala, esinesiqini- seko esivela kuNkulunkulu, esivela kwincwadi yombhalo ongcwele yakudala enikezwe kuwawonke umuntu wesilisa, owesimame kanye nengane abafisa ukuyisebenzisa.

Okokuqala, kumele ufune izwi likaNkulunkulu. Lokho kusho ukuthi ufunde imibhalo engcwele futhi ufunde nezwi labaprofethi bakudala futhi nabanamuhla mayelana neva- ngeli likaJesu Kristu elibuyisiwe— hhayi ngenhloso yokungabaza noma ukugxeka kepha ngesifiso esange- mpela sokuthola iqiniso. Cabangisisa ngezinto ozozizwa, futhi ulungise- lele ingqondo yakho ukuba ithole iqiniso.⁶ “Noma ungezu kuba nesifiso sokukholelwa, yenza lesifiso sisebe- nzele wena. . . ukuthi ungaba nesi- khala se [zwi lika Nkulunkulu].”⁷

Okwesibili, kumele ucabange, futhi ucabangisise, ngesibindi uzame uku- kholwa,⁸ futhi ubonge ukuthi iNkosi ibe nesihawu kubantwana Bakhe kusukela ngesikhathi sikaAdamu kufikela esikhathini sethu ngokuletha abaprofethi, ababoni, Kanye naba- vezayo ukuba bahole ibandla Lakhe futhi basize thina sithole indlela yethu ebuyela emuva Kuye.

Okwesithathu, kumele ucele uBaba wakho waseZulwini, egameni leNdodana Yakhe, uJesu Kristu, ukuze aqinisekise iqiniso ngeBandla likaJesu Kristu leziNsuku—zoku- gcina kuwe. Cela ngokweqiniso futhi ngenhloso yangempela, ube nokholo kuKristu.⁹

Futhi kunesinye isinyathelo *sesine*, esinikezwe ngu Msindisi: “Noma imu- phi umuntu owenza intando ka [Nku- lunkulu], uzayazi imfundiso, noma ngoNkulunkulu, noma Kuyimi.”¹⁰ Ngamanye amazwi, uma uzama ukuthola iqiniso ngemithetho yeva- ngeli, kumele uqale uyiphile yona. Beka imfundiso yevangeli kanye nezimfundiso zeBandla kwisivivinyo empilweni yakho. Yenza ngendlela yokuzimisela futhi ubekezele ngo- kholo kuNkulunkulu.

Uma wenza lezinto, uzothola

isithembiso esivela kuNkulunkulu— ongashintshi egameni Lakhe¹¹—uku- thi aveze iqiniso kuwe ngamandla woMoya oNgcwele. Uzakunikeza ukukhanya okukhulu okuzokwenza ukuthi ubuke phakathi kobumnyama futhi ubeke ubufakazi obuyinkazi- mulo bokubona izinto ezingaqonda- kali ngamehlo enyama.

Abanye bangathi izinyathelo zinzima kakhulu noma azibalulekile ukuthi zingenziwa. Kepha ngica- banga ukuthi lobufakazi bomuntu ngevangeli kanye neBandla buyi- nto ebaluleke kakhulu empilweni yomuntu. Angeke kwakubusisa futhi bukuhole kuphele kulempilo, kepha kuzakuba into ebalulekile empilweni yakho ingunaphakade.

Izinto zangoMoya Zizwiseka Kuphela ngoMoya

Abasosayensi babehlupheka uku- qonda ububanzi bomhlaba kwaze kwaba namathulusi ahlakaniophile ngokuphelele ukuhlanganisa ukukha- nya okukhulu ukuze baqonde kahle iqiniso eliphelele.

uMpostoli uPawuli wafundisa umthetho ofanayo mayelana nolwazi lwangomoya. “Umuntu wangenyama akatholi izinto zoMoya kaNkulu- nkulu,” wabhala kwabaseKhorinthe, “ngoba bayiziphukuphuku kuye: fu- thi angeke nimazi, ngokuba nihlukile ngokomoya.”¹²

Ngamanye amazwi, uma ufuna ukuthola iqiniso ngokomoya, kumele usebenzise amathulusi afanelekile. Angeke ukwazi ukuzwisisa iqiniso la- ngomoya ngokusebenzisa amathulusi lawo angezu ukwazi ukusebenza.

uMsindisi wasitshela esikhathini sethu, “Lokho okwaNkulunkulu kuwukukhanya; futhi loyo othola ukukhanya, futhi aqhubeke ngo- Nkulunkulu, uzothola ukukhanya okungeziwe; futhi lokukhanya kuza- khanya kakhulu kuze kufike usuku oluhle.”¹³

Masibeka izinhliziyi kanye nemiqondo yethu kakhulu kuNku- lunkulu, ukukhanya kwezulu ku- zoyehlela phezu kwemiphfumulo

yethu. Futhi njalo uma sizinikela futhi sizimisela ngokufuna ukukhanya lo-
kho, sitshengisa uNkulunkulu indlela
esilungele ngayo ukuthola ukukha-
nya okungeziwe. Kancane kancane,
izinto lezo ebezingabonakali kahle,
zimnyama, futhi zizobonakala kahle,
zikhanye, futhi zijwayeleke kithi.

Ngendlela eyodwa, uma sizi-
dedelanisa Kanye nokukhanya
kwevangeli, ukukhanya kwethu
kuyancipha—hhayi ngosuku noma
iviki kepha kancane kancane uma
kuhamba isikhathi—kuze kufike la-
pho sibuka emuva singaqondi ukuba
kungani sasikholwa ukuthi ivangeli
liyiqiniso. Ulwazi lwethu lwamuva
lungahle lungenzi mqondo oqondile
kithi ngokuba lokho okwakukhanya
ngaphambilini kuphinde kwanga-
sabonakali kahle, kuffiyela, futhi
kukude.

Isona isizathu sokuba uPha-
wuli akholelwe ukuthi umlayezo
wevangeli alwenzi umqondo ku-
labo ababhubhayo, “kepha [ku-
labo] abasindisiwe kungamandla
kaNkulunkulu.”¹⁴

Asikho Isivivinyo Esisodwa

iBandla likaJesu Kristu laba-
Ngcwele Bezinsuku-zokugcina
indawo yabantu abanobufakazi
obuhlukahlukene. Kukhona amalun-
gu amanye weBandla anobufakazi
obuyiqiniso futhi obukhanya kakhulu
kubona. Abanye bayazama ukuwu-
thola ngokwabo. iBandla ikhaya
lawonke umuntu ukuba ahlangani,
ngaphandle kobujula noma ubude
bobufakazi bethu. Angaze ngibone
kubhaliwe eminyango wendlu yethu
yokuhlanganyela kuthiwa: “Ubufakazi
bakho kumele bube bude kangaka
ukuze ungene.”

Ibandla akulona labantu abalu-
ngile, kepha liyindawo lapho wonke
umuntu “engeza khona kuKristu,
futhi athole ukulungiswa.”¹⁵ Ibandla
elabantu abanjengami Kanye nawe.
Ibandla liyindawo evumelekile futhi
ephilisayo, hhayi ehluhanisayo noma
egxekayo. Kuyindawo lapho esigqu-
gquzelisa khona, siphakamise, futhi
sisekele omunye nomunye njengoba
silandela sifuna iqiniso elingcwele
ngokwethu.

Ekugcineni, sonke singabahambi
abafuna ukukhanya kukaNkulunkulu
njengoba sithatha uhambo kwi-
ndlela yezinceku. Asibajezisi abanye
ngenani lokukhanya abanalo noma
abanganalo; kepha, silondoloza futhi
sigqugquzele konke ukukhanya kuze
kufike lapho kukhanya ngokusobala,
kukhanye kakhulu, futhi ngeqiniso.

Isithembiso kithi Sonke

Make sithole ukuthi esikhathini
esiningi ukuthola itestamente akusi-
wona umsebenzi womzuzu, noma
ihora, noma usuku. Akwenzeki nje
kanye bese kuphelile. Umsebenzi
wokuhlanganisa ukukhanya komoya
kuwukufuna empilweni yonke.

Ubufakazi bakho beNdodana ephi-
layo kaNkulunkulu kanye neBandla
elibuyisiwe, iBandla likaJesu Kristu la-
baNgcwele Bezinsuku-zokugcina, ku-
ngahle kungezi masishane njengoba
ufisa, kepha ngiyakuthembisa lokhu:
uma udlala indima yakho, buzakufika.

Futhi buzakuba nenkazimulo.

Ngikunikeza ubufakazi bami bo-
kuthi iqiniso langomoya lizakugcwa-
lahliziyo yakho futhi lilethe ukukha-
nya kumphefumulo wakho. Buza-
kuveza ubuhlakaniphi obungcwele
kanye nenjabulo enhle futhi noku-
thula obungcwele. Ngikubonile lokhu

nami kwenzeka ngamandla woMoya
oNgcwele.

Njengoba imibhalo engcwele
ithembisa, ukubakhona koMoya
kaNkulunkulu othulile uzakwenza
wena uhlabelele iculo lokusindisa
ngothando,¹⁶ uphakamise amehlo
ezulwini, futhi uphakamise izwi
lakho udumise uNkulunkulu Opha-
keme Kakhulu, Umkhuseli, Ithemba,
Umvikeli, uBaba wakho. Umsindisi
uthembisa ukuthi uma ucinga,
uzakuthola.¹⁷

Ngiyafakaza ukuthi loku yiqiniso.
Uma ufuna iqiniso likaNkulunkulu,
lelo okwamanje lingabukeka linge-
kho, lingabonakali, futhi nokuba
kude kwalo kuzakavela kancane
kancane futhi kucace futhi kubesedu-
zane nenhliziyi yakho ngokukhanya
bomusa bukaNkulunkulu. Ubukhulu
bezinto ezangomoya, ezingacaba-
ngeki ngeso lomuntu ophilayo, ziza-
kwembulwa kuwe.

Kuwubufakazi bami ukuthi loku-
khanya kwangomoya kuyatholokala
kubobonke abantwana bakaNkulu-
nkulu. Kuzakuvula inqondo yakho
futhi bulethe ukuphila enhlizweni
yakho kanye nenjabulo ezinsukwini
zakho. Bangani bami abathandekayo,
ngicela ningachithi isikhathi eside
ukufuna futhi nokuqinisa ubufakazi
benu ngomsebenzi kaNkulunkulu,
ngisho nangomsebenzi wokukhanya
kanye neqiniso.

Ubufakazi benu bokukhanya
kanye neqiniso akusoze kwabusisa
nina kuphela kanye nezizukulwane
ezizayo lapha kwimpilo yangenyama,
kepha buzakuba nani ingunapha-
kade, emihlabeni engeke yaphela.
Ngalokhu ngibeka ubufakazi bami
futhi nginibusisa egameni likaJesu
Kristu, amen.

AMANOTHI

1. uMose 1:33
2. Bona uMarcia Bartusiak, *The Day We Found the Universe* (2009), xii. Njalo kuyangimangaza ukuthi sibanokuzithemba ngokuthatha izinqumo zethu. Ngesinye isikhathi ukuzithemba kwethu kuphakeme kangokuthi sicabanga ukuthi sinawowonke amaqiniso. Isibonelo: “uSimon Newcomb, umphathi wezazi ngezinkanyezi waseMelika ekupheleni kweminyaka kweminyaka engamakhulu nayishumi eyisishagalolunye, waphawula kwisakhiwo esasizobusiswa ngo 1887 ukuthi ‘mayelana ngesifundo sezinkanyezi . . . sibonakala ngathi sifinyelela ekugcineni kolwazi lwethu. . . . Umphumela ikuthi umsebenzi obhekene nezazi zinkanyezi kumayelana nokuthola izinto ezintsha kunokuchaza lezo ezaziwayo” (Bartusiak, xv).
3. Kuyajabulisa ukucabanga ngo Mose 1:33, 35 mayelana nezinto ezitholakele “ezintsha” iNewadi kaMose ku Pearl of Great Price yavezwa kuMprofethi uJoseph Smith ngoJune 1830, cishe iminyaka engamakhulu ngaphambi kuka Edwin Hubble ememezele ukuthola kwakhe imithala ekude.
4. Bona, isibonelo, the Hubble Heritage Image Gallery at heritage.stsci.edu/gallery/gallery.html.
5. ' Bona uJohane 14:2
6. Bona 3 Nifayi 17:3
7. uAlma 32:27
8. Bona Imfundiso Nezivumelwano 121:43
9. Bona uMoroni 10:3–5
10. uJohane 7:17; futhi bona Psalm 25:14; uJohane 3:21
11. Bona Imfundiso Nezivumelwano 121:43
12. 1 AbaseKhorinte 2:14
13. Imfundiso Nezivumelwano 59:2
14. 1 AbaseKhorinte 1:18
15. uMoroni 10:32; bona futhi Imfundiso nezivumelwano 20:59
16. Bona uAlma 5:26
17. Bona Imfundiso Nezivumelwano 121:43